

It starts with a story...

## Literacy is powerful!

Each year on International Literacy Day (8 September) the world celebrates the role that reading and writing play in our lives. We also remember that there are about 781 million people across the world who can't complete simple but important tasks, like filling in a form or reading the instructions on a medicine bottle, and who are never able to get lost in a novel. There are many reasons why people don't learn to read and write, but this happens mainly because they don't have what they need to learn – good resources and the right kind of help and inspiration!

Being literate is not only about being able to use basic reading and writing skills. It is about having the power to use reading and writing to learn; to explore and communicate what we think, feel and know; and to use it to discover different ways of seeing the world.

Koketso Ratsatsi is part of the Mohlakeng Youth Movement. This team of young and inspiring people is working to grow a culture of reading in their community in Mohlakeng, Gauteng. Here is what she says about the power of literacy.

“Knowledge is powerful, and is transmitted through reading. Knowledge is one thing that no one can ever take away from you. We need books to help us discover new things, but books are also important because they help us pass down and uphold the many different indigenous languages in our country.”

There are many good reasons why reading needs to be intensified in our country. I always tell anyone who cares to listen that reading gradually builds confidence, and that for a child's future, successful reading is essential. One of the ways in which we can make reading enticing, is by offering children books in their home languages and instilling a deep love for their mother tongue before moving on to additional dialects and other languages.

Imagine this: if we all went to libraries and book clubs regularly, we would have a functioning society of curious, literate citizens. After our library in Mohlakeng was burnt down during a service delivery protest, a group of us started our own library, offering what books we could. Since then, children have been visiting us daily, and through relaxed one-on-one reading sessions, we're already seeing an improvement in their confidence and skills. So, I ask you to join us in affirming our children's right to read by sharing a book or a story with the children in your life.”



## Kunamandla ukwazi ukubhala nokufunda!

Minyaka yonke ngoSuku Lomhlaba Lokwazi Ukufunda Nokubhala (mhla ziyi-8 kuMandulo) umhlaba ugubha indima edlalwa ukufunda nokubhala ezimpilweni zethu. Sisuke sikhumbula futhi ukuthi kunabantu cishe abayizigidi ezingama-781 emhlabeni wonke abangakwazi ukwenza imisebenzi elula nje kodwa ebalulekile, efana nokugcwalisa ifomu noma ukufunda imiyalelo ebhalwe ebhodloleni lomuthi, futhi abangabazi nobumnandi obutholakala ekufundeni inovel. Ziningi izizathu ezibangela ukuthi abantu bengakufundi ukufunda nokubhala, kodwa lokhu kwenzeka ikakhulu ngoba bengenakho lokho abakudingayo ukuze bakwazi ukufunda – izinsiza ezikahle, nosizo olufanele kanye nokukhuthazwa!

Ukwazi ukufunda nokubhala akukhona nje kuphela ukwazi ukusebenzisa amakhono ayisisekelo okufunda nokubhala. Kumayelana nokuba namandla okwazi ukusebenzisela ukufunda nokubhala ukuze ufunde; ukucubungula kanye nokusho lokho esikucabangayo, okusemizweni yethu kanye nesikwaziyo; kanye nokukusebenzisela ukuthola izindlela ezahlukeni zokubona umhlaba wethu.

UKoketso Ratsatsi uyingxenywe yeMohlakeng Youth Movement. Leli thimba labantu abasha abakhuthaza abanye lisebenzela ukuthuthukisa usiko lokufunda emphakathini walo waseMohlakeng, eGauteng. Uphawule kanje mayelana namandla okwazi ukufunda nokubhala.

“Lunamandla ulwazi, futhi ludluliselwa phambili ngokufunda. Ulwazi luyinto eyodwa okungeke kube namuntu ongakwazi ukukuphuca yona. Sidinga izincwadi ezizosizisa ukuthi sithole izinto ezintsha, futhi izincwadi zibalulekile ngoba zisizisa ukuthi sedlulisele kwabanye sibuye siqhakambise izilimi eziningi ezahlukeni zomdabu zasezweni lethu.

Ziningi izizathu ezinhle zokuthi kungani kumele kuqiniswe ukufunda ezweni lethu. Ngihlale ngitshela noma ubani enginaye ukuthi ukufunda kwenza uzethembe kancane, kancane, nokuthi ukuze ingane ibe nekusasa eliqhakazile, kubalulekile ukufunda ngempumelelo. Enye yezindlela esingenza ngayo ukuthi ukufunda kuhehe, ukuthi sihlinceke izingane ngezincwadi ngezilimi zazo zasekhaya kanye nokugxilisa uthando olujulile lolimi lwazo lwasekhaya ngaphambi kokuthi zifunde ezinye izilimi zezigodi kanye nezinye izilimi.

Cabanga nje: uma sonke besiya emitatsheni yezincwadi kanye nasemathimbeni okufunda njalo, besizoba nomphakathi osebenza kahle, onezakhamizi ezilangazelela ukwazi izinto, nokwazi ukufunda nokubhala. Ngemva kokusha komtapo wethu wezincwadi waseMohlakeng ngesikhathi kunombhikisho ngokulethwa kwezidingo emphakathini, ithimba lethu laqala umtapo walo wezincwadi, lihlinceka ngezincwadi elinazo. Kusukela ngaleso sikhathi, izingane zisivakashela nsuku zonke, kanti ekuhlanganyeleni ngokukhululeka kokufunda okuba phakathi kwababili, sesiyayibona intuthuko ekuzethembeni kanye nasemakhonweni azo. Ngakho-ke, ngiyakucela ukuthi uhlanganye nathi ekuqiniseni ilungelo lezingane lokufunda ngokwabelana ngencwadi noma ngendaba nezingane ophila nazo.”

### INSIDE:

- ★ A book: *Children's literacy rights*
- ★ Simple ways to support your children's literacy
- ★ A special Literacy Day story featuring the Nal'ibali characters

### NGAPHAKATHI:

- ★ Incwadi: *Amalungelo ezingane okwazi ukufunda nokubhala*
- ★ Izindlela ezilula zokwazi ukweseka ukwazi kwezingane zakho ukufunda nokubhala
- ★ Indaba ekhethekile yoSuku Lokwazi Ukufunda Nokubhala enabalingiswa bakwaNal'ibali.



Drive your imagination

Story Power.  
Bring it home.  
Walethe ekhaya amandla endaba.



## Nal'ibali news

Last year, people across South Africa helped us read aloud to almost 50 000 children on World Read Aloud Day! In 2015, Nal'ibali was determined to share the power of reading aloud with even more children ... and thanks to you and all our other supporters, we managed to reach our goal and set a new reading record. On 4 March 2015, a massive 166 360 children listened to a story being read aloud to them!

We started by asking Gcina Mhlophe, the renowned writer, storyteller and activist to write a story especially for us – and that was how *Sisanda's gift* was born. People signed up on our website to record the number of children they read the story aloud to. Nal'ibali Literacy Mentors brought the story to schools, early childhood development centres, libraries and reading clubs in six provinces: KwaZulu-Natal, Eastern Cape, Western Cape, Gauteng, Free State and Limpopo. So many of you sent in your photos taken on the day! We also received quotes, ideas and opinions about the story. Thank you for helping us to set the new South African read-aloud record!

Here are just a few of the photographs you sent us.

Nazi ezinye zezithombe ezimbalwa enisithumelele zona.




Paarlzicht Primary School, Paarl, Western Cape

I-Paarlzicht Primary School, ePaarl, eNtshonalanga Kapa



Vanani Farm School, Mooiplaas, Eastern Cape

I-Vanani Farm School, eMooiplaas, eMpumalanga Kapa



Parkview Junior School, Johannesburg, Gauteng

I-Parkview Junior School, eGoli, eGauteng

## Izindaba ZakwaNal'ibali

Nyakenye, abantu eNingizimu Afrika yonkana basisiza ukuthi sifunde kakhulu cishe izingane eziyizi-50 000 ngoSuku Lokufunda Kakhulu Lomhlaba Wonke! Ngowezi-2015, uNal'ibali uzimisele ukwabelana ngamandla okufunda kakhulu nezingane eziningi kunalezo ... futhi sibonga wena kanye nabanye abasixhasayo ngoba sikwazile ukuzuza ebesikuphokophele futhi saqopha irekhodi elisha. Ngomhla zi-4 kuNdasa wezi-2015, yisibalo esikhulu esiyizingane eziyi-166 360 ezalalela ngesikhathi zifundelwa indaba kakhulu!

Saqala ngokucela uGcina Mhlophe, umbhali, umxoxi wendaba kanye nesishosho esaziwayo ukuthi asibhalele indaba – yaqhamuka kanjalo-ke indaba ethi *Isipho sikaSisanda*. Abantu babhalisa esizindenilwazi sethu ukuze baqophe inani lezingane abazifunde kakhulu. Abasiza Ngamakhono Okwazi Ukufunda Nokubhala bakwaNal'ibali bahambisa izindaba ezikoleni, ezinkulisa, emitatsheni yezincwadi kanye nasemathimbeni okufunda ezifundazweni eziyisithupha: KwaZulu-Natali, eMpumalanga Kapa, eNtshonalanga Kapa, eGauteng, eFreyistata kanye naseLimpopo. Bangingi kini abasithumelele izithombe ezithathwe ngalolo suku! Futhi sithole amazwi acashunwe kwabathile, amacebo kanye nemibono ngendaba. Siyanibonga ngokusiza kwenu ukuthi sibe nerekhodi elisha laseNingizimu Afrika lokufunda kakhulu!

For me, the most important thing is for children to feel loved in many different ways, and sharing a story with them, is a beautiful way of showing that you care.  
Gcina Mhlophe

Into ebaluleke kakhulu kimi, ukuthi izingane zizizwe zithandwa ngezindlela ezahlukeneyo, kanti-ke ukwabelana ngezindaba nazo, kuyindlela enhle yokukhombisa ukuthi uyanakekela.  
UGcina Mhlophe

## NAL'IBALI ON RADIO!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:  
Ukhozi FM on Monday and Saturday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.  
SAfm on Monday to Wednesday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



## UNAL'IBALI USEMSAKAZWENI!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nangesiNgisi ohlelweni lomsakazo lwakwaNal'ibali:  
Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko nangoMgqibelo kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.  
Ku-SAfm ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.



Drive your imagination





## Get story active!

Here are some ideas for using the stories and children's literacy rights book in this supplement. Choose the ones that best suit your children's ages and interests.

### Who is King?

Children of all ages will enjoy these stories from Africa! Children aged 5 and older may enjoy you reading these stories aloud to them. But, if you are using the stories with younger children, you may want to read them on your own first, and then retell the stories in your own words while showing the children the pictures.



Read and discuss each story separately.



After reading "Who is King?", discuss these questions with your children.

- ☉ Do you think the animals really thought that Lion was king of all the animals, or were they just saying that to keep him happy?
- ☉ How do you think Lion felt about what Elephant did?
- ☉ What do you think about what Elephant did? What would you have done?



After reading "Unanana and One-Tusk" do some of these things.

- ☉ Discuss with your children what they think about the choices that the different characters made in the story. For example: "Do you think that it was okay for One-Tusk to swallow the children because he was angry? Why?"; "What would you have done if you were Unanana and an elephant had swallowed your children?"; "What lesson do you think elephants might have learnt from what happened?" and "What lesson do you think the villagers learnt?"
- ☉ Suggest that your children use playdough, clay or Plasticine to make the characters in the story, and then use these to retell the story in their own way.

### Children's literacy rights

This little book helps children to think about the ways they use reading and writing in their lives. It is best to use it with children aged 6 and older, although younger children will probably enjoy talking about the pictures.



Read each of the rights, pausing after each one so that your children can comment or ask questions. You can ask questions or make comments too! Here are some examples.

- ☉ **Right 1:** Who reads to you? What's your favourite storybook?
- ☉ **Right 2:** Look at all these languages. (Read the names of the languages.) Which ones do you know well? Which ones do you know a little? Which ones do you use at school? Which ones do you use at home? Do you know anyone who speaks any of these languages?
- ☉ **Right 4:** What kinds of books do you think the children are reading? What kinds of books do you enjoy?
- ☉ **Right 8:** In this picture, Neo and Mbali's dad is writing down the story they are telling him. What do you think their story is about? Let's write down that story.



After you have finished reading, try one of these activities.

- ☉ Write down a story that your child dictates to you and then read it together.
- ☉ Encourage your children to keep a list of all the stories that they read in a month. At the end of the month, talk together about the ones they enjoyed the most.
- ☉ Tell your children one of your favourite stories and then invite them to tell you one of theirs.

### We have to go!


This story takes place on International Literacy Day. Neo is excited to see his favourite author at the library and give her the book he has made for her, but his Dad is too busy to take him. Enjoy reading the story aloud or retelling it.



Suggest that your children make their own books just like Neo did in the story. Let them decide who they would like to give their books to – or whether they would like to keep them to read at home!



Read some books written and/or illustrated by Joan Rankin. Find information about her books on [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za), [www.nb.co.za](http://www.nb.co.za) and [www.shuters.com](http://www.shuters.com). You can also find books that she illustrated in past supplement editions on our website: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org). Look for editions 16, 19, 33, 37, 52, 60, 76 and 91.



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amanye amacebo okusebenzisa izindaba kanye nencwadi yamalungelo ezingane okwazi ukufunda nokubhala okukulesi sithasiselo. Khetha lokho okuhambisana kangcono neminyaka yezingane zakho nezikuthandayo.



### Ngubani Oyinkosi?

Izingane zayo yonke iminyaka yobudala zizozithokozela lezi zindaba zase-Afrika! Kungenzeka ukuthi izingane ezineminyaka emi-5 nangaphezulu zithokozele ukuthi uzifunde lezi zindaba kakhulu. Kodwa, uma usebenzisa izindaba nezingane ezincane, kungenzeka uthande ukuzifundela wena kuqala, bese uxoxa indaba ngamagama akho ngesikhathi ukhombisa izingane izithombe.



Funda bese uxoxa ngendaba ngayinye.



Ngemva kokufunda indaba ethi "Ngubani Oyinkosi?", xoxa ngale mibuzo nezingane zakho.

- ☉ Ngabe ucabanga ukuthi izilwane zazicabanga ukuthi uBhubesi wayeyinkosi yezilwane ngempela, noma zazikusho lokho ukuze ahlale ejabulile nje?
- ☉ Ngabe ucabanga ukuthi uBhubesi wazizwa kanjani ngalokho okwenziwe uNdlovu?
- ☉ Ucabangani ngalokho okwenziwa uNdlovu? Wawuzokwenzani wena?



Ngemva kokufunda "UNanana NoZinyolinye" yenza ezinye zalezi zinto.

- ☉ Xoxa nezingane zakho ngokuthi zicabangani ngalokho abalingiswa abahlukene abakhethe ukukwenza endabeni. Isibonelo: "Ngabe ucabanga ukuthi bekulungile ukuthi uZinyolinye agwinye izingane ngoba ethukuthele? Ngani?"; "Ubuzokwenzenjani ukuba ubunguNanana, indlovu igwinye izingane zakho?"; "Yisiphi isifundo ucabanga ukuthi kungenzeka ukuba izindlovu zisifundile kulokho okwenzekile?" futhi "Ngabe ucabanga ukuthi abantu basemuzini bafunde siphilile isifundo?"
- ☉ Yenza isiphakamiso sokuthi izingane zakho zisebenzise inhlama yokudlala, ubumba noma i-Plasticine ukuze zakhe abalingiswa abasendabeni, bese zibasebenzisela ukuxoxa indaba kabusha ngendlela yazo.

### Amalungelo ezingane okwazi ukufunda nokubhala

Le ncwajana isiza izingane ukuthi zicabange ngezindlela zokusebenzisa ukufunda nokubhala ezimpilweni zazo. Kungcono ukusebenzisa lokhu ezinganeni ezineminyaka eyi-6 kanye nangaphezulu, noma kungenzeka ukuthi izingane ezincane zithokozele ukuxoxa ngezithombe.



Funda ilungelo ngalinye, ume kancane ngemva kokufunda ilungelo ngalinye ukuze izingane zakho ziphawule noma zibuze imibuzo. Nawe ungabuza imibuzo noma uphawule futhi! Nazi ezinye zezibonelo.

- ☉ **Ilungelo loku-1:** Ubani okufundelayo? Iyiphi incwadi yezindaba oyithandayo?
- ☉ **Ilungelo lesi-2:** Bhaka zonke lezi zilimi. (Funda amagama ezilimi.) Yiziphi ozazi kahle? Yiziphi ozazi kancane? Yiziphi ozisebenzisa esikoleni? Yiziphi ozisebenzisa ekhaya? Ngabe ukhona umuntu omaziyo osebenzisa noma yiluphi kulezi zilimi?
- ☉ **Ilungelo lesi-4:** Ucabanga ukuthi izingane zifunda ziphi izincwadi? Yiluphi uhlobo lwezincwadi ozithokozelayo?
- ☉ **Ilungelo le-8:** Kulesi sithombe, ubaba kaNeo noMbali ubhala phansi indaba abamxoxela yona. Ngabe ucabanga ukuthi indaba yabo imayelana nani? Make siyibhale phansi leyo ndaba.



Uma seniqedile ukufunda, zamani umsebenzi owodwa kulena.

- ☉ Bhala indaba oyibizelwa yingane yakho bese niyifunda ndawonye.
- ☉ Khuthaza izingane zakho ukuthi zigcine uhlu lwazo zonke izindaba ezizifunda ngenyanga; xoxani nindawonye ngalezo ezizithokozele kakhulu.
- ☉ Xoxela izingane zakho enye yezindaba zakho ozithandayo bese uzicela ukuthi zikuxoxele ezazo.

### Kumele sihambe manje!

Le ndaba yenzeka ngoSuku Lomhlaba Lokwazi Ukufunda Nokubhala. UNeo ujatshuliswa ukuthi uzobona umbhali wakhe amthandayo emtatsheni wezincwadi ukuze akwazi ukumnika incwadi amenzele yona, kodwa uBaba wakhe umatasatasa kakhulu, okumenza angakwazi ukuhambisa. Thokozela ukufunda indaba kakhulu noma ukuyixoxa kabusha.



Yenza isiphakamiso sokuthi izingane zakho zizenzele ezazo izincwadi njengoba uNeo enzile endabeni. Zivumele ukuthi zinqume ukuthi zizozinika bani izincwadi zazo – noma ukuthi ngabe zifuna ukuzigcina yini ukuze zizifunde ekhaya!



Funda ezinye zezincwadi ezibhalwe futhi/noma ezidwetshelwe imifanekiso yazo nguJoan Rankin. Thola kabanzi ngezincwadi zakhe ku-[www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za), [www.nb.co.za](http://www.nb.co.za) kanye no-[www.shuters.com](http://www.shuters.com). Ungathola futhi nezincwadi azidwebela imifanekiso ezithasiselweni ezedlule kusizindalwazi sethu: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org). Bhaka izintshicilelo 16, 19, 33, 37, 52, 60, 76 no-91.



## 4 easy ways to support your children's literacy

When we help children become readers and writers, we give them the key to a worldwide community. But, this does not happen overnight and we need to help spark their literacy, and then keep it going by inspiring them. Here are some of the ways you can help.

- ♥ **Be a role model.** Your children learn from your example. They need to see you using reading and writing in different ways in your daily life.
- ♥ **Provide materials.** You can't learn to read if you don't have anything to read, and you can't learn to write if you don't have anything to write with or on! Children need to be able to easily find books that interest them, and also paper, pencils and crayons to write and draw with.
- ♥ **Take an interest.** Every time children read and write, encourage them by showing an interest in what they are doing.
- ♥ **Read aloud.** When children are motivated to read and write, they stand a greater chance of being lifelong readers and writers! Reading aloud to them as often as you can, teaches them the power of print and opens up their minds to facts, fantasy, and much more. You can find stories in 11 languages on [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) and [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).

## Izindlela ezi-4 ezilula ongeseka ngazo ukwazi ukufunda nokubhala kwezingane zakho

Ngenkathi sisiza izingane ukuthi zibe abafundi nababhali, sizinikeza isikhiye sokuvuleleka emphakathini womhlaba wonke. Kodwa lokhu akwenzeki ngokuphazima kweso, futhi kudingeka sisize ukokhela inhansi yazo yokwazi ukufunda nokubhala, bese senza ukuthi kuqhubeke ngokuzifaka ugqozi. Nazi ezinye zezindlela ongasiza ngazo.

- ♥ **Yiba isibonelo esihle.** Izingane zakho zifunda ngokubonela kuwe. Kudingeka ukuthi zikubone usebenzisa ukufunda nokubhala ngezindlela ezahlukene empilweni yakho yansuku zonke.
- ♥ **Hlinzeka ngezinsiza.** Angeke ufunde ukufunda uma ungenakho ozokufunda, futhi angeke ufunde ukubhala uma ungenayo into ozobhala ngayo noma ozobhalela kuyo! Izingane kumele zikwazi ukuzithola kalula izincwadi ezizihlaba umxhwele, kanye namaphepha, amapensela namakhrayoni ezizobhala bese zidweba ngawo.
- ♥ **Khombisa intshisekelo.** Njalo uma izingane zifunda futhi zibhala, zikhuthaze ngokukhombisa intshisekelo kulokho ezikwenzayo.
- ♥ **Funda kakhulu kuzwakale.** Uma izingane sezikhuthazekile ukuthi zifunde zibuye zibhale, zisemathubeni amaningi okuthi zibe abafundi nababhali impilo yazo yonke! Ukuzifundela kakhulu kaningi ngendlela ongakwazi ukuthi wenze ngayo, kuzifundisa amandla okushicilelwe futhi kuvulela imiqondo yazo emaqinisweni, nakulokho okungenzeke ngempela okujabulisa umqondo, nokunye okuningi. Ungathola izindaba ngezilimi eziyi-11 ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) naku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).

## Reading club corner

September is filled with lots of opportunities to celebrate reading, writing and storytelling. Here are some of them.

<b>7-13 September</b>	National Book Week
<b>8 September</b>	International Literacy Day
<b>21 September</b>	Biodiversity Day
<b>24 September</b>	Heritage Day
<b>30 September</b>	Translation Day

## Ikhona lethimba lokufunda

UMandulo ugcwele amathuba amaningi okugubha ukufunda, ukubhala kanye nokuxoxa izindaba. Nanka amanye awo.

<b>Mhla ziya-7- ziya-13 kuMandulo</b>	Isonto Likazwelonke Lencwadi
<b>Mhla ziya-8 kuMandulo</b>	Usuku Lomhlaba Wonke Lokwazi
	Ukufunda Nokubhala
<b>Mhla zingama-21 kuMandulo</b>	Usuku Lokugubha Amasiko
	Ahlukene Ngokushicilelwe
<b>Mhla zingama-24 kuMandulo</b>	Usuku Lwamagugu
<b>Mhla zingama-30 kuMandulo</b>	Usuku Lokuhumusha

"Biodiversity" means having a wide variety of books available so that everyone's experience of the world is written down and available in their own language and other languages. In this way, we can preserve our heritage and share our experiences with others. To celebrate Biodiversity Day, why don't you share a story from your childhood with someone who might not know it and ask them to share a story with you? Or, find a story about someone who is different to you and share that with your children. (You can find stories on [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) and [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).) After you have read the story, talk about the things you all have in common with the characters, as well as the ways in which your experiences are different.



"Ukugubha Amasiko Ahlukene Ngokushicilelwe" kuchaza ukuba nezincwadi eziningi ezahlukene ukuze lokho umuntu akuzwile ngomhlaba wonke kubhalwe phansi futhi kutholakale ngolimi lwakhe lwasekhaya kanye nangezinye izilimi. Ngale ndlela, singagcina amagugu ethu futhi sabelane nabanye ngalokho okwenzeke ezimpilweni zethu. Ukuze ugubhe Usuku Lokugubha Amasiko Ahlukene Ngokushicilelwe, kungaba njani ukuthi wabelane ngendaba yangesikhathi usemncane nomuntu okungenzeka angayazi bese umvumela ukuthi naye abelane ngendaba nawe? Noma, uthole indaba emayelana nomuntu ohlukile kuwe bese wabelana ngayo nezingane zakho. (Ungathola izindaba ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) kanye no-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).) Ngemva kokufunda indaba, xoxa ngezinto ezifanayo kuwe nomlingiswa lowo, kanye nangendlela okwehluke ngayo lokho okwenzeka ezimpilweni zenu.


### Create two cut-out-and-keep books

#### Children's literacy rights book

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

#### Who is King?

1. To make this book use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



### Zenzele ezakho izincwadi ezimbili ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

#### Incwadi ngamalungelo ezingane okwazi ukufunda nokubhala

1. Dabula ikhasi le-9 lalesi sihasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
4. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukuze uhlukanise amakhasi.

#### Ngubani Oyinkosi?

1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 no-12.
2. Faka ikhasi le-7 nele-8 ngaphakathi kwamanye amaphepha.
3. Songa amakhasi abe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Asonge abe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
5. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukuze uhlukanise amakhasi.



Drive your imagination



The following day an Impala, leaping through the bush, stopped to stare. Impala pointed his swirly horns towards the infants.

"Such beautiful children! Who is their mother?"

"Unanani! She'll be home soon," replied the niece.

"Well, take good care of them," Impala yapped, before bounding onwards.

The next day, when a passing Leopard stopped to stare, Unanani's niece was truly nervous.

"Such beautiful children! Who is their mother?" Leopard growled.

"Unanani! She's on her way," the niece said loudly.

"Well, take good care of them," snarled Leopard, before prowling off through the long grass.

Now, Unanana was thankful that these animals admired her children and wouldn't harm them. But no one in the nearby village had warned her that her hut was built on an ancient elephant path. Although most elephants would walk to one side, this was not the case with One-Tusk. Ever since a greedy hunter had stolen one of his ivory tusks, One-Tusk didn't trust any creature on two legs.

So, one day, when One-Tusk came along the path and saw Unanana's hut in the way, he stormed towards it, trumpeting loudly. Unanana's niece had no time to pick up the children.



Ngosuku olulandelayo uMpala owayegxumagxuma chlahini wama, wagqolozela. Izimpondo zakhe ezisonthekele zabheka ngasezinganeni.

"Zaze zazihle izingane! Ngubani unina wazo?"

"Unanani! Uzobuya maduze nje," kuphendula umshana.

"Hayi-ke uze uzinakhekele kahle," kuklewula uMpala, ngaphambi kokugxumagxuma aqhubekele phambili. Ngosuku olulandelayo, kwedula uNgwe, wabuka wathi ngo, umshana kaNanana wayethuke ngempela.

"Izingane ezihle kangaka! Ubani unina?"

Kugawuma uNgwe.

"Unanani! Uzobuya maduze nje," kumemeza umshana wakhe.

"Hayi-ke, uzinakhekele kahle," kugawuma uNgwe, ngaphambi kokungena othamini obude.

Manje-ke, kwamjabulisa kakhulu uNanana ukuzwa ngezizwane ezazincoma ubuhle bezingane zakhe kephazazilimazi. Kodwa akkho emzini ayakhelene nawo owamxwayisa ngokuthi indlu yakhe yayakhwe emzileni wasendulo wezindlovu. Nanxa iningi lezindlovu zazinokuhamba eceleni kwalo mzila, kwakungenjalo kwenye yezindlovu okwakuthiwa nguZinyolinye. Kusukela mhla kumshontshwa izinyo lakhe elilodwa ngumzingeli onomhobholo, uZinyolinye akaphindanga wasethemba isidalwa esinemilenze emibili.

Kuthe ngolunye usuku uZinyolinye ehamba ngalowo mzila futhi ebona iqhugwane likaNanana lisendleleni yakhe, wagqonda kulo ngqo ekhanya kakhulu. Umshana kaNanana akabanga nasikhatshi sokugqoka izingane.



We publish what we like

This is an adapted version of *Who is King?*, published by Jacana Media and available in bookstores and online from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). This story is available in isiXhosa, isiZulu, English and Sesotho. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Funda indaba yokuqala, *Ngubani Oyinkosi?*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethi ekheleni elithi: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgisi, isiXhosa, isiBhunu nesiSotho. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

© Jacana Media (South African rights only) Tel: 011 628 3200




Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your imagination






Ngominye usuku uNanana esensimini, izingane zidlala ngaphandle kwendlu, uMfene omkhulu omahlukahluki owayehamba phakathi kwemithi, wama masinyane, wagqolozela izingane. “Zaze zazimhle izingane!” esho ebhodla ngezwi elikhulu kumzanyana owayengasemnyango. “Ubani unina wazo?” “UNanana! Uzobuya maduze nje,” kusho umshana wakhe ngokushesha. “Hhayi-ke uzinakekele kahle,” kundonda uMfene ngesikhathi esuka lapho eqhubeka nendlela yakhe.

## Who is King?

An Amharic tale from Ethiopia



Once, Lion wanted to check that all the animals knew who was boss. So he went to each in turn. “You,” he said, starting with Fox. “Who is the king of all the animals?” Naturally Fox replied, “You, my lord.” Each animal said the same. “You, my lord!” ... “You, my lord!” At last Lion came to Elephant and asked his question. “Can you come nearer?” Elephant asked.

Wabalaka, ekhala, lapho indlovu ethukuthela ithatha izingane zombili ngomboko wayo, ivula umlomo wayo zigwinya. Zabe zingasabonwa ngokuphazima kweso. UZinyolinye waghubeke nohambo lwakhe eshaya kanecane. Wathi uma ezwa lowo msindo, uNanana walala phansi igcja lakhe ensimini waphuthuma ekhaya. Wafika kukhala ibhungezi! Emva kwesikhashana wathola umshana wakhe eqhazazela futhi ekhala ngenxa kwezilahla. Kwabanda kwamancane lapho ezwa ngokwenzekile. Kwakwenzeka kanjani ukuthi izingane zakhe zigwinywe kanjalo ziphila? UNanana waphuthuma eqhugwaneni lakhe wayothatha imbiza yakhe yokupheka enkulu. Yayigcwele isitshulu sikabhontshisi wangayizolo. Waphuma eqhugwaneni lakhe esethwele imbiza, cyisecele ngesandla esisodwa, ngesinye isandla ebambe ummese omude, obukhali. Wayeselandela umzila kaZinyolinye, ngaphandle kokuthi vu.

She ran, screaming, as the angry elephant swept up both infants with his trunk, opened his mouth and swallowed them. In an instant they were gone, and One-Tusk lumbered on his way. Hearing the rumpus, Unanana dropped her hoe in the field and ran home. It was deserted! A little later, she found her terrified niece shivering and crying in the bush. Her heart turned icy cold when she heard what had happened. Was it possible that her children had been swallowed whole? Unanana hurried into her hut to fetch her large cooking pot. It contained last night's bean stew. She emerged with the pot on her head, steadying it with one hand, while in the other she carried a long sharp knife. Without a word, she began to follow One-Tusk's tracks.

Unanana took her knife and swiftly cut a passage between One-Tusk's ribs, leading the way with her children to their world outside. That evening, Unanana received many praises and gifts for freeing everyone.

From then on, the villagers offered her help. Unanana's niece even had a little time to play with the other children. It is also said that elephants have never swallowed people since then. But it is wise for people to show elephants the respect they deserve and, most of all, never to steal their ivory tusks.

UNanana wathatha ummese wakhe wasika umhubhe phakathi kwezimbambo zikaZinyolinye, wahamba phambili waphumela ngaphandle nezingane zakhe belandelwa ngabanye. Ngalelo langa kusihwa, uNanana wabongwa kakhulu, wanikwa nezipho ngokukhulula wonke umuntu.

Kusukela ngaleso sikhathi, abantu basemuzini bamsiza. Umshana kaNanana wayesenaso nesikhathi sokudlala nezinye izingane. Futhi kuthiwa kusukela ngaleso sikhathi izindlovu azizange zisabagwinya abantu. Kanti kuwubhlakani ukuthi abantu bakhombise izindlovu inhlonipho ezifanele, okukhulu kunakho konke, ukuthi bangalokothi bantshontshe amazinyo azo.





One day, Unana was in her field, and the children were playing outside their mother's hut, when a large shaggy Baboon, lolling between some trees, suddenly stopped to stare at them. "Such beautiful children!" he barked to the young girl in the doorway. "Who is their mother?" "Unana! She'll come home soon," the niece said quickly.

"Well, take good care of them," Baboon grunted, before lopping on his way.



## Ngubani oyinkosi?

Indaba yesi-Amharic evela eTopiya

Endulo, uBhubesi wafuna ukwazi ukuthi ngabe izilwane ziyazi yini ukuthi ngubani inkosi yazo. Ngakho waya esilwaneni ngasinye.


"Wena-ke," esho eqala ngoMpungushe. "Uthi ngubani oyinkosi yazo zonke izilwane?"

Akumangazanga uma uMpungushe ephendula ethi, "Nguwe, nkosi yami."

Isilwane ngasinye sasho okufanayo: "Nguwe, nkosi yami!" ... "Nguwe, nkosi yami!"

Ekugcineni uBhubesi wafika kuNdlovu wase ebuza umbuzo wakhe.

"Ungeke uthi ukusondela kancane kodwa bandla?" kubuza uNdlovu.







Lion thought that maybe Elephant was a little deaf. But as he stepped forward to repeat his question, he felt Elephant's trunk grasp him. Next, he was flying high in the sky!

Lion howled as he landed, battered and bruised. "Why did you do that?" he whined to Elephant. "Why didn't you just say, 'I am the king!'?"

Elephant flapped his great ears and raised his trunk. Ignoring Lion, he lumbered away. But he trumpeted loudly to let all the animals know who was king.

UBhubesi wayecabanga ukuthi mhlawumbe uNdlovu akezwa kahle emadlebeni. Kepha uthe uma esondela ezophinda umbuzo wakhe, wezwa esedlakathiswa ngumboko kaNdlovu. Kuthe kusenjalo, wazibona esendiza emoyeni!

UBhubesi wampongoloza ngesikhathi eshayeka phansi, elimele futhi ehuzukile. .

"Ukwenzeleni lokho?" ekhonona eqondise kuNdlovu. "Kungani ungavelanga wathi, 'Yimina inkosi!'?"

UNdlovu washaya amagwagwa amadlebe akhe amakhulu futhi waphakamisa umboko wakhe. Washaya kancane uNdlovu, eziba uBhubesi.

Kodwa wahamba ekhonya kakhulu azisa zonke izilwane ukuthi nguye inkosi.



Uthe engakahambi ibanga elide wabona uMfene ehlezi etsheni. Wamemeza. Wambuza ethi umbonile yini uZinyolinye?  
"Funa indawo enezihlahla ezinde kanye namatshe amhlophe," kubhonga uMfene, ezama ukukhuluma ngezwi elipholile. Wayekugagela naye lokho okwakwehlele izingane ezinhle zikaNanana.



Before long, she saw Baboon sitting on a rock and called out to him. Had he seen One-Tusk?  
"Look for the place of tall trees and white stones," barked Baboon, trying to make his voice soft. He guessed what had happened to the beautiful children.

Ngokuphazima kweso, wamhlwitha ngomboko wakhe, wamfaka emlonyeni, gwinyiyani ngomthamo owodwa nje.



Empeleni, yilokho kanye okwakufunwa uNanana. Wayebambe imbiza kanye nommese wakhe, esaphelele. Kwase kumele athole izingane zakhe! Lapha phakathi kwakuyizwe elingajwayelekile eligcwele izigodi nezintaba ezinemihume egcwele abantu, izimbuzi, izinja, namakati ... laphaya phambili, buqamama naye, kwakunezingane zakhe ezimbili ezixosha izinkukhu! Uthe angazibiza ngamagama, zaphendula, zeza kuye zitshakadula, zakhala ngendlala.

UNanana wethula imbiza yakhe wase eqala ukufunza izingane zakhe isitshulu sikabhontshisi. Ngokuphazima kweso wayesengungwe yisixuku esicela ukudla.

"Hambani niyobasa umlilo! Aniyiboni yini le nyama eningi kangaka enizungezile eningayosa?" UNanana washo ngokwedelela. Wabona abanye babantu abangavumanga ukumsiza ngesikhathi eshiywa emhlabeni umyeni wakhe.

"Asikucabanganga ngani thina lokho?" kusho bona.

Masinyane, kwase kuduma, kuvutha umlilo. Amalangabi ayelokhu ebheka phezulu esiswini sesilwane. Masinyane nje wezwakala esebhonga uZinyolinye. Wayezwa ukushisa okukhulu esiswini sakhe futhi kungekho angakwenza ukukuqeda. Washayeka phansi ngamawala, wafa. Kwase kuzosizakala abantu ababephakathi kuye abase bezwa ukushisa okukhulu.







To spend time drawing, painting and playing with stories.  
Ukuchitha isikhathi sidweba, sipenda futhi sidlala ngezindaba.

5



To be given opportunities to explore different types of writing – like stories, poems and information – from home and around the world.  
Ukunikwa ithuba lokujula ngokubhalive okwehlukene – okufana nezindaba, izinkondlo kanye nolwazi – ekhaya kanye nasemhlabeni wonke.

4



To talk about stories and books with our friends, families and teachers.  
Ukuxoxa ngezindaba kanye nezincwadi nabangani, imindenl kanye nothisha bethu.

3



8

To share our thoughts, dreams and stories through our own writing.  
Ukwabelana ngemicabango, amaphupho kanye nezindaba zethu ngalokho esikubhalile.

# Children's literacy rights

## Amalungelo ezingane okwazi ukufunda nokubhala

This book belongs to/Le ncwadi ngeka:-

It starts with a story...

Kuzela ngendaba exowayo...

To use our own languages and learn other languages.

Ukusebenza ulimi lwethu kanye nokufunda ezinye izilimi.

2



To get help from adults with our reading and writing, and with choosing interesting books to read.

Ukuthola usizo ebanwini abadala ngokuphathelene nokufunda kanye nokubhala, kanye nokukhepha izincwadi ezihlaba umxhwele esingazifunda.

9



All children can be powerful readers and writers! These are our literacy rights.

Zonke izingane zingaba abafundi kanye nababhali abanamandla! Lawa amalungelo ethu okwazi ukufunda nokubhala.



To listen to hundreds and even thousands of wonderful stories, and tell our own stories too.

Ukulalela amakhulu kanye nezinkulungwane imbala zezindaba ezimnandi, nokuthi sixoxe ezethu izindaba futhi.

1

To visit the library to find the books we want to read, and to grow collections of books at home.

Ukuvakashela umtapo wezincwadi ukuze sithole izincwadi esifuna ukuzifunda bese siba neqozo lezincwadi ekhaya.

7





Esaghubeka nohambo lwakhe, uNanana  
wase ebona uMpala embuza umbuzo ofanayo.  
UMpala waphendula ngendlela efanayo.  
Amehlo akhe amakhulu nanusundu akhombisa  
ukuzwela na noNanana. Phambidlana uNanana  
wabona uNgwe elele elulekile phezu kwegatsha  
lesihlahla. Ngaphandle kokwesaba, wayibuza  
umbuzo wakhe.  
UNgwe wavela wambonisa ngomsi  
lapho kumele aye ngakhona. “Funa indawo  
enezihlahla ezinde kanye namatshe amhlophe,  
kukhuluma uNgwe ngezwi elindondayo.

Some way on, Unanana saw Impala and  
asked the same question. Impala gave the same  
answer. His large brown eyes showed sympathy.  
Yet further on, Unanana saw Leopard stretched  
along the branch of a tree. Fearlessly, she called  
out her question.  
Leopard flicked his tail to point the  
direction. “Find the place of tall trees and white  
stones,” Leopard purred.



Suddenly, he swooped her up with his trunk, shoved  
her into his mouth and in one gulp sent her flying down,  
down, down his throat.


Well, this was just what Unanana wanted. Gripping  
her pot and her knife, she was still in one piece. Now  
she must find her children! Here was a strange land of  
valleys and hills dotted with caves full of people, goats,  
dogs, cats ... and there, ahead of her, were her two  
children running after some chickens! When she called  
their names, they turned and came scampering up to her,  
complaining that they were hungry.

Unanana put down her pot and began feeding her  
children the bean-stew. In an instant, everyone crowded  
around her, begging for food.

“Go and build a fire! Can’t you see you have meat  
all around you to roast?” Unanana said scornfully. She  
recognised some people who had never offered her any  
help when her husband died.

“Why didn’t we think of that?” they said.

In no time, a fire was roaring. The flames rose up  
higher and higher inside the great beast’s stomach. Soon  
it was One-Tusk who was roaring. He felt a terrible  
burning inside him and there was nothing he could do  
to stop it. With a mighty thump, he fell down and died.  
It was just in time for all the people inside, who were  
getting very hot.



“Thulani bantwana, ningakhali  
Thulani bantwana, lalani.  
Thulani bantwana, ningakhali  
Thulani bantwana, lalani.”

All day, while digging, hoeing and weeding,  
Unanana hummed the lullaby that she sang every  
night to her infants. She imagined their gentle  
faces and smiles, and this gave her strength.  
“Thulani bantwana, ningakhali  
Thulani bantwana, lalani.  
Thulani bantwana, ningakhali  
Thulani bantwana, lalani.”  
Hush children, don’t you cry  
Hush children, sleep.”  
Usuku lonke, ngesikhathi emba, elima,  
chakula, uNanana wayecula engawaphimisi  
amagama omlozelo ayewuculela izingane  
zakhe njalo ebusuku. Wayecabanga ngobuso  
bazo obuthambile nokumoyizela kwazo,  
okwakumnika amandla.





Endulo, kwakuthi kusempondo zankomo, owestifazane obizwa ngoNanana aye kolima ensimini yakhe. Wayebuya selibantu bahl. Noma kunjalo kwakusamele athenze izinkuni ehlathini endleleni ebheke ekhaya. Impilo yayinzima kakhulu kuNanana ngoba wayeshonelwe umyeni wakhe. Wayekhulisa izingane zakhe ezincane ezimbili, kanye naye ugobo, nendodakazi kamfowabo. Le ntombazanyana yayiba ngumzanyana wezingane zakhe uma engekho. Akekho noyedwa komakhelwane bakhe owayezinikela ukumsiza.



# UNanana NoZinyolinye

Indaba yesiZulu yaseNingizimu Afrika

## Unanana and One-Tusk


A Zulu tale from South Africa



A long time ago, as the rising sun chased away the night's dark cloak every morning, a woman called Unanana left home to work in her field. She only returned as the sun lay down to rest. Even then, she still had to collect firewood from the bush on her way home.



It was very hard for Unanana because her husband was dead. She had two little children to feed, as well as herself and her brother's daughter. This young girl looked after her little ones while she was away. No one in the nearby village offered to help her.



Sure enough, in a little while, Unanana saw a clearing of tall trees and large white stones. There, in the middle, stood an enormous elephant with a single tusk. Unanana walked right up in front of him. She waved her knife. "You swallowed my beautiful children! Give them back to me!" she demanded. Now, One-Tusk didn't like being talked to in this manner, especially by a creature on two legs, like the thief who had stolen his tusk. Was this not also the one who had blocked the elephant path? While One-Tusk began to flap his vast ears, Unanana carried on shouting at him.

Nangempela, wathi esahambe ibangana uNanana, wayibona indawo yemithi emide namatshe amakhulu amhlophe. Laphaya, phakathi nendawo, kwakumi indlovu enkulu enezinyo elilodwa. UNanana waqonda kuyo ngqo wama phambi kwayo. Wayisikaza ngommese wakhe. "Ugwinye izingane zami ezinhle! Ngibuyisele zonal!" kusho yena engathi nsi.

UZinyolinye akayithandanga le ndlela okwakukhulunywa naye ngayo, ikakhulukazi kwenza isidalwa esinemilenze emibili, esifana nesela eleba izinyo lakhe elilodwa. Ngabe lona ophambi kwakhe akusiye yini owayevale umzila wezindlovu? Kuthe noma uZinyolinye eseqala ukubhakuza amadlebe akhe amakhulu, waqhubeka nokumthethisa uNanana.







# We have to go!



By Helen Brain



Illustrations by Rico

It was Tuesday and there was no school. All the children were meeting at the library for a special day. It was International Literacy Day and people all over the world were going to read and write and listen to stories on the same day.

Neo was so excited. His favourite author, Joan Rankin, was coming to the library to read from the books she had written, and his dad had promised to take him to see her. Neo had written a special book about her, and he couldn't wait to give it to her.

But when Neo got up on Tuesday morning, there was a funny noise coming from the kitchen. He went to look. The washing machine was making a terrible rattling, coughing noise as if it was going to explode.



Neo's dad came to see. "Oh no!" he said. "The pump must be broken. It's going to cost so much to get it fixed. We might have to buy a whole new washing machine."

"We can't afford a new washing machine," Neo's mom said. "Please, can't you fix it? I have to go to work, and there's so much dirty washing."

Dad hated seeing Neo's mom so upset so he said, "I'll fix it. Neo will help me. I'll find a website that shows me how to mend broken washing machines."

"But, Dad, you promised to take me to the library," said Neo.

"That will have to wait, Neo. The washing machine is more important. Maybe Gogo can take you," said Dad.

"I'm going out today," said Gogo, shaking her head. "I'm sorry, Neo. You'll have to go next week."

Neo was very upset. "But, Dad, you promised me you would take me to the library," he said. "We have to go soon."

Dad fetched his toolbox and googled, "How to fix a washing machine pump" on his cellphone.

"Here you go," he said to Neo, showing him the page. "This doesn't look too difficult." And with that, he pulled the washing machine out and turned it around so he could take off the back.

But fixing the machine was more difficult than it looked.

"There's a drawing here," Dad grumbled, looking at his phone. "But it's so small, I can't see what goes where."



Then Dad dropped one of the screws and it rolled under the fridge, so he had to pull the fridge out to get the screw. Neo looked at the clock. It was half past nine. Only half an hour until Joan Rankin arrived at the library.

"Please, Dad," he said, hopping from one leg to the other. "Please, hurry so we can go to the library. We have to go now."

"I'm busy here and you are not helping, Neo!" Dad looked cross.

Neo was upset. His father had promised to take him, but now everything was going wrong.

"NO, NO, NO," yelled Dad. "I don't believe it!"

"What?" Neo asked in a small voice.

"Now my phone's battery is flat!" Dad shouted. "Please fetch me the charger."

But at that very moment the power went out.

"Oh no," said Neo. "Now the electricity is off."

Dad seemed very angry. "This is the worst Tuesday ever. I'm halfway through fixing the machine and now I can't read about what to do next."

Neo nodded. "Yes, it is the worst Tuesday ever. You can't fix the machine, and I'm missing Joan Rankin," but he didn't say any more because he could see that Dad was very upset. Neo slumped down at the kitchen table and hid his head in his arms.

Dad packed away his tools. "There's not much we can do now," he said.

Neo lifted his head a little bit. The clock said ten to ten. They could still make it to the library – they'd be late, but he'd still see Joan Rankin and he could still give her his present. He turned the pages of the little book he'd made. He'd written the story and drawn the pictures, and Gogo had helped him put it together and make a cover. Dad was calming down. He picked up Neo's book. "What's this, Neo?" he asked.

*Continued on page 15.*



# Kumele sihambe manje!

NguHelen Brain  Imidwebo nguRico

*Malibaz*  
Kuzala ngendaba exoxwayo...

KwakungoLwesibili futhi kungafundwa. Zonke izingane zazizohlanganela emtatsheni wezincwadi ngoba kwakuwusuku olukhethekile. KwakuwuSuku Lomhlaba Wonke Lokwazi Ukufunda Nokubhala kanti abantu emhlabeni wonke babezofunda, babhale, futhi balalele izindaba ngalo lona lolu suku.

UNeo wayegcwele injabulo. Umbhali wakhe amthandayo, uJoan Rankin, wayezoba khona emtatsheni wezincwadi ezofunda izincwadi azibhalile, futhi ubaba wakhe wayethembise indodakazi ukuthi uzoyihambisa iyombona. UNeo wayebhale incwadi ekhethekile ngaye, futhi wayengasakwazi ukulinda ukumnika yona.

Kodwa lapho uNeo evuka ngoLwesibili ekuseni, kwakukhona umsindo oxakile ophuma ekhishini. Wayobheka. Umshini wokuwasha wawenza umsindo okhehlezelayo, ofuze ukukhwehlela, kwakungathi uzoqhuma.



Ubaba kaNeo wazobheka. "Ohhe!" kusho yena. "Kungenzeka ukuthi kufe iphampu. Kuzobiza ukuyilungisa. Kungenzeka kudingeke ukuthi sithenge umshini wokuwasha omusha."

"Angeke sikwazi ukuthenga umshini wokuwasha omusha," kusho umama kaNeo. "Ngeke kodwa wawulungisa, bandla? Kumele ngiye emsebenzini, futhi kunezingubo eziningi ezingcolile."

Ubaba wayengathandi ukubona umama kaNeo ephatheke kabi kangaka, ngakho wathi, "Ngizowulungisa. uNeo uzongisiza. Ngizothola isizindalwazi esizongikhombisa ukuthi ilungiswa kanjani imishini ephukile."

"Kodwa Baba, ubungithembise ukuthi sizoya emtatsheni wezincwadi," kusho uNeo.

"Kuzomele kume kancane lokho, Neo. Ubaluleke kakhulu umshini wokuwasha. Mhlawumbe angakuhambisa uGogo," kusho uBaba.

"Ngiyaphuma nami namhlanje," kusho uGogo, enikina ikhanda lakhe. "Ngiyaxolisa, Neo. Kuzomele uye ngesonto elizayo."

UNeo waphatheka kabi kakhulu. "Kodwa, Baba, ubungithembisile ukuthi uzongisa emtatsheni wezincwadi," kusho yena. "Kumele sihambe masinyane nje."

UBaba walanda ibhokisi lakhe lamathuluzi wase ecinga ikhasi ku-google kumakhalekhukhwini wakhe lapho okuthi khona: "Ilungiswa kanjani iphampu yomshini wokuwasha".

"Nanti," esho kuNeo, emkhombisa ikhasi. "Lokhu akubukeki kunzima kakhulu." Wabe esedonsa umshini wokuwasha, wase ewuphendula ukuze akwazi ukuwuvula ngemuva.

Kodwa ukulungisa umshini kwakunzima kunendlela okwakubukeka ngayo.

"Kunomdwebo lapha," kukhonona uBaba, ebheke ucingo lwakhe. "Kodwa mncane kakhulu, angikwazi ukubona ukuthi yini engena kuphi."



Kusenjalo uBaba wawisa esinye isikru esagingqika sayongena ngaphansi kwefriji, kwadingeka ukuthi asuse ifriji ukuze akhiphe isikru. UNeo wabuka iwashi. Kwase kugamenxe ihora lesishiyagalolunye. Kusele isigamu sehora ngaphambi kokuba kufike uJoan Rankin emtatsheni wezincwadi.

"Ngiyakucela bandla, Baba," esho, egxuma ngalo omlenze abuye agxume ngomunye. "Ngicela, usheshise ukuze sikwazi ukuya emtatsheni wezincwadi. Kumele sihambe manje."

"Ngimatasatasa la futhi awungisizi ngalutho, Neo!" UBaba wayebukeka ethukuthele.

UNeo wayephatheke kabi. Ubaba wakhe wayemthembise ukumhambisa, kodwa manje kwakungasahambi ngokohlelo.

"LUTHO, LUTHO, LUTHO," kumemeza uBaba. "Angikukholwa lokhu!"

"Yini?" Kubuza uNeo ngezwi elincane.

"Seliyaphela ibhethri locingo lwami!" kumemeza uBaba. "Ngicela ungilandele ishaja."

Kodwa kwathi kusenjalo kwathi nyampu ugesi.

"Ohhe," kusho uNeo. "Sekuhambe nogesi."

Ubaba wayebukeka ethukuthele kakhulu. "Lolu nguLwesibili olubi kunabo bonke. Bese ngiphakathi nokulungisa umshini kodwa manje angisakwazi ukufunda ukuthi yini elandelayo okumele ngiyenze."

UNeo wanqekuzisa ikhanda. "Yebo, nguLwesibili olubi kunabo bonke. Awukwazi ukulungisa umshini, kanti nami ngizophuthelwa nguJoan Rankin," kodwa akabange esaqhubeka ngoba wayebona ukuthi uBaba uthukuthele kakhulu. UNeo wazilahlela etafuleni lasekhishini wafihla ikhanda lakhe ngezingalo.

UBaba waqoqa amathuluzi akhe. "Akukho okutheni esingakwenza njengamanje," kusho yena.

UNeo waphakamisa ikhanda lakhe kancane. Iwashi lalithi kusele imizuzu eyishumi ngaphambi kokushaya kwehora leshumi. Babesengakwazi ukufika emtatsheni wezincwadi – bazofika ngemva kwesikhathi, kodwa uzokwazi ukubona uJoan Rankin futhi uzokwazi ukumnikeza isipho sakhe. Waphenya amakhasi encwadi encane ayeyenzile. Wayebhale indaba futhi wadweba izithombe, kanti uGogo wayemsize ukuthi ayihlanganise kanye nangokwenza ikhava. UBaba wayezama ukwehlisa umoya. Wacosha incwadi kaNeo. "Yini le, Neo?" kubuza yena.

*Iqhubeka ekhasini 15.*



From page 13.



"My book," Neo said in a tiny voice. "I was going to give it to my favourite author at the ..." He didn't finish the sentence.

"Come on," called Dad, grabbing his car keys. "We have to go NOW! We can still get to the library in time if we hurry."

Joan Rankin had begun to read her story to the children when Neo and Dad hurried into the library. Neo found a seat at the back and settled down to listen. Her story was wonderful, and so were her pictures. Neo hoped he'd be able to draw like that one day.

And the best of all? When she'd finished and Neo showed her his book, she thought it was wonderful.

"Did you really write this story all by yourself?" she asked him.

"Yes," said Neo. "And I drew the pictures too. It's a present for you, Ma'am."

Then Joan Rankin opened her bag and took out one of her books. Inside she wrote, "For Neo, who makes beautiful books", and she signed her name in big letters and gave it to him.

Neo was so happy. He held the book so tightly he never wanted to let it go.

Just then Dad came over. "You won't believe it," he said. "I found a book on how to fix washing machines, and look – the drawings are big and clear. Why didn't you tell me the library had books like this, Neo?"



Dad gave Neo a hug. "Books are awesome. Their batteries never run flat, and you can even read them when the electricity goes off."

Neo smiled a happy smile and nodded. That was true. You can read a book anywhere and anytime.

Kusuka ekhasini le-14.



"Incwadi yami," kusho uNeo ngezwi elincane, "bengizoyinikeza umbhali engimthandayo, e ..." Akazange awuqede umusho.

"Woza," kumemeza uBaba, ethatha izikhiya zakhe zemoto. "Kumele sihambe MANJE! Sisengakwazi ukufika ngesikhathi emtatsheni wezincwadi uma nje singasheshisa."

UJoan Rankin wayeseqalile ukufundela izingane indaba yakhe ngesikhathi uNeo noBaba wakhe bengena emtatsheni wezincwadi begijima. UNeo wathola isihlalo emuva wase ehlala phansi ukuze alalele. Yayimnandi indaba kaJoan, kanjalo nezithombe zakhe. UNeo wayefisa sengathi angakwazi ukudweba njengaye ngelinye ilanga.

Kambe yini eyabanhle nakakhulu? Lapho eseqedile nangemva kokuba uNeo esemkhombise incwadi yakhe, wacabanga ukuthi iyisimanga.

"Ngabe yonke le ndaba ibhalwe nguwe wedwa ngempela?" kubuza yena.

"Yebo," kusho uNeo. "Kanti ngidweba nezithombe futhi. Yisipho sakho, Mama."

UJoan Rankin wabe esevula isikhwama sakhe wase ekhipha enye yezincwadi zakhe. Ngaphakathi kwayo wabhala ukuthi, "EkaNeo, obhala izincwadi ezimnandi", wase esayinda igama lakhe ngamagama amakhulu, wase emnikeza yona.

Yayichichima injabulo kaNeo. Wankonkoshela incwadi engafuni ukuyidedela.

Kuthe kusenjalo kweza uBaba. "Angeke ukukholwe lokhu," kusho yena. "Ngithole incwadi emayelana nokuthi ikhandwa kanjani imishini yokuwasha, ake ubheke nje – imidwebo mikhulu futhi icacile. Kungani ungangitshelanga ukuthi umtapo wezincwadi unezincwadi ezifana nale, Neo?"



UBaba wawola uNeo. "Izincwadi zinhle kakhulu. Amabhethri azo awapheli, futhi ungazifunda noma kusahambe ugesi."

UNeo wamamathekiswa yinjabulo wase engekuzisa ikhanda. Kwakuyiqiniso elimsulwa lelo. Ungafunda incwadi noma yikuphi futhi noma yinini.

# Nal'ibali fun

## Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

Can you find these words in the wordsearch block below?

BOOK  
COMMUNICATE  
EXPRESS  
IDEAS  
KNOWLEDGE  
NEWSPAPER  
PAPER  
PENCIL  
POEM  
READ  
STORY  
WRITE

K	S	P	E	T	N	B	E	N	Y	O
N	T	S	B	P	E	B	O	O	K	P
O	O	B	A	O	W	I	Q	U	V	L
W	R	I	T	E	S	R	E	A	D	D
L	Y	D	S	M	P	A	P	E	R	A
E	I	E	C	P	A	M	I	A	M	E
D	A	A	H	U	P	E	N	C	I	L
G	S	S	O	T	E	I	M	Y	U	A
E	I	E	X	P	R	E	S	S	L	O
C	O	M	M	U	N	I	C	A	T	E

Ngabe ungakwazi ukuthola la magama ebhlokhini yokucinga amagama engezansi?

INCWADI  
XOXA  
KHOMBISA  
IMIQONDO  
ULWAZI  
IPHEPHANDABA  
IPHEPHA  
IPENSELA  
INKONDLO  
FUNDA  
INDABA  
BHALA

I	N	C	W	A	D	I	I	A	Y	O
N	T	S	X	P	E	B	Z	B	K	P
K	H	O	M	B	I	S	A	A	V	O
W	X	I	T	E	S	R	W	D	D	D
B	Y	P	S	M	P	A	L	N	R	N
H	A	E	C	P	A	M	U	A	M	O
A	B	N	I	P	H	E	P	H	A	Q
L	A	S	O	T	E	I	M	P	U	I
A	D	E	X	P	R	E	S	E	L	M
C	N	L	M	U	N	I	C	H	T	I
O	I	A	D	N	U	F	C	P	B	N
A	O	L	D	N	O	K	N	I	T	L

Are you a star storyteller?



Look at the pictures below. Can you make up a story based on all or some of these pictures? You could tell your story to a group of friends, or write it down so that you can read it to others later.

- Decide which picture you want to use for the start of your story.
- Then, look at the other pictures and decide in what order you could use them to create a story.
- Now, write or tell your story and use words to fill in the gaps between the pictures to create your story.
- Many different stories can be created from the pictures. The story you write or tell will depend on the order you use the pictures in, the ideas you have and how you weave them together into a story!
- You might like to cut out the pictures to use with your story.
- Don't forget to give your story an interesting title.

Ngabe ungumpetha ekuxoxeni izindaba?

Bheka izithombe ezingezansi. Ngabe ungakwazi ukuzenzela indaba esuselwa ezithombeni zonke noma ezinye zazo? Ungalixoxela indaba yakho iqembu labangani, noma uyibhale phansi ukuze uyifundele abanye abantu ekuhambeni kwesikhathi.

- Nquma ukuthi ufuna ukusebenzisa siphi isithombe ukuze uqale indaba yakho.
- Bese, ubheka ezinye izithombe, unquma ukuthi ungazilandelanisa kanjani ukuze wenze indaba.
- Manje, bhala noma uxoxe indaba yakho bese usebenzisa amagama ukuze ugqwalise izikhala phakathi kwezithombe ukwenza indaba yakho.
- Kungenziwa izindaba eziningi ezahlukene ngezithombe. Indaba oyibhalayo noma oyixoxayo izoncika ekutheni izithombe uzihlele kanjani ngokulandelana, imiqondo onayo kanye nokuthi uyihlanganisa kanjani ukuze ikhiphe indaba!
- Kungenzeka uthande ukusika ukhiphe izithombe ozozisebenzisa endabeni yakho.
- Ungakhohlwa ukunikeza indaba yakho isihloko esihlaba umxhwele.



If you wrote a story for this activity and you would like to have it published in the Nal'ibali supplement, then send it to us at [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org). We'll try to publish as many stories as we can!

Find us on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)  
Sithole ku-Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

Uma ubhale indaba yalo msebenzi futhi ungathanda ukuthi ishicilelwe esithasiselweni sakwaNal'ibali, sithumele yona ku-[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org). Sizozama ukushicilela izindaba eziningi ngendlela esingakwazi ukuthi senze ngayo!

Supplement produced by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translated by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SundayWorld



Drive your  
imagination